



# Nalibali

It starts with a story...

## Bring stories home for the holidays

**Can you believe that it is nearly the end of 2014? That means that it is almost time for the end-of-year holidays – time to relax a little as we enjoy being with family and friends, and more time to spend with stories and books!**

If you are spending money on entertainment and gifts for your children this holiday season, don't forget to include a book or two. Let your children help to choose which books you buy, by spending the morning in a bookshop together. Ask your children to find and make a list of the five books they would most want to own. Buy at least one book from this list when you go Christmas shopping for your children, or when you want to buy something to keep them busy during the holidays. You'll encourage them to read and give them hours of pleasure at the same time!

Here are some other ideas to keep stories and reading happening during the holidays.

- **Write the words.** Wordless picture books tell a story by using only illustrations. They are a wonderful resource for encouraging the writer in us! Borrow a wordless picture book from the library or find an old favourite at home. Give every family member a piece of paper and let them write the words for the story to go with each picture. Then have fun reading each of your stories and noticing in what ways they are the same and different!
- **Have a reading adventure.** Follow the instructions on page 7 to create a holiday reading passport for your child that encourages new adventures into reading and stories.

- **Try something new.** Set aside one week during the holidays where you all read something you would not usually choose to read. Maybe this means reading a book of poems, or the biography of an interesting person, or an information book on a topic you know nothing about. Or, maybe it means that you try out a new author. Either way, this is your chance to get hooked on something new!
- **Listen to stories.** Why not experience stories in a different way by listening to them? Listen to Nalibali's selection of stories on the radio at the times advertised on page 2, or download them from [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

## Letha izindaba ekhaya ngamaholide

**Ngabe uyakholwa yini ukuthi sesiya ngasekupheleni kowezi-2014? Lokhu kusho ukuthi manje sesisondele emaholideni okuphela konyaka – isikhathi sokukhululeka kancane lapho sithokozela khona ukuba nomndeni nabangani, kanye nesikhathi esiningi esingasichitha nezindaba nezincwadi!**

Uma ukhipha imali ngokokuzithokozisa kanye neziphongo zezingane zakho ngesikhathi samaholide, ungakhohlwa ukufaka nencwadi eyodwa noma ezimbili. Vumela izingane zakho ukuthi zikusize ekukhetheni izincwadi ozozithenga, ngokuthi nisebenzise isikhathi sasekuseni nindawonye esitolo sezincwadi. Cela izingane zakho ukuthi zithole bese zenza uhlu lwezincwadi ezinhlanu ezingathanda ukuba nazo. Thenga okungenani incwadi eyodwa esohlwini uma uyoithengela izingane zakho izinto zikaKhisimusi, noma lapho ufuna ukuthenga okuthile okuzozigcina zinezikwenzayo ngesikhathi samaholide. Uzozikhuthaza ukuthi zifunde bese uzinikeza amahora amaningi okuzithokozisa ngasikhathi sinye!

Nanka amanye amacebo okuba kube lokhu kufundwa izindaba ngamaholide.

- **Bhala amagama.** Izincwadi zezindaba ezingabhalwe magama zixoxa izindaba ngemidwebo kuphela. Zingumthombo omuhle wokukhuthaza ukuvela kombhali ocashe ngaphakathi kithina! Tsheleka izincwadi zezithombe

emtatsheni wezincwadi noma uthole izincwadi ezithandwayo ekhaya. Nikeza ilungu lomndeni ngalinye iphepha bese uthi alibhale amagama endaba ehambisana nesithombe ngasinye. Emva kwalokho nizothokozela ukufunda indaba ngayinye bese niphawula ukuthi izindaba zifana, zibuye zehluka kanjani!

- **Yibani nesikhathi sokuzitika ngezincwadi.** Landela imiyalelo esekhasini lesi-7 ukuze wakhe iphasipoti yokufunda yengane yakho ekhuthaza umfutho omusha ekufundeni nasezindabeni.
- **Zama into entsha.** Beka isonto elilodwa ngesikhathi samaholide lapho nonke nizofunda khona nokungejwayelekile ebeningeke nikukhethela ukufunda. Mhlawumbe lokhu kungaba ukufunda izincwadi zezinkondlo, noma incwadi ebhalwe ngempilo yomuntu ogqamile, noma incwadi enikeza ulwazi ngesihloko ongazi lutho ngaso. Mhlawumbe, kungasho ukuthi uzame ukufunda okubhalwe ngumbhali omusha. Noma kungaba yini nje, leli yithuba lakho lokuthatheka ngento entsha!
- **Lalela izindaba.** Kungaba njani ukuba uthole izindaba ngendlela eyehlukile ngokuzilalela? Lalela izindaba ezahlukene zakwaNalibali emsakazweni ngezikhathi ezibhalwe ekhasini lesi-2, noma uzithwebule ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

We will be taking a break until the week of 25 January 2015. Join us then for more Nalibali reading magic!

Sizoke sithathe ikhefu kuze kube isonto lamhla zingama-25 kuMasingana wezi-2015. Sicela nihlanganyele nathi ngaleso sikhathi ukuze nithole eminye imilingo yokufunda yakwaNalibali!



**INSIDE**  
Win a R100 gift card from Jet Club!  
**NGAPHAKATHI**  
Wina ikhadi lesipho lakwa-Jet Club elibiza i-R100!

**Jet Club**



Drive your imagination

Story Power:  
Bring it home.  
Walethe ekhaya amandla endaba.



It starts with a story...





## Story corner

Here is the final part of the story about the promise made by the storks. Enjoy reading it aloud or retelling it.

### A promise is a promise (Part 2) By Wendy Hartmann

The ostrich was delighted, and so he tried again. He ran about. He flapped his wings and practised to fly in peace and quiet, but he never left the ground. Eventually he went back to the storks. There they sat, huddled together with their feathers fluffed and their beaks shut.

"Oh dear," said the ostrich, "they look so miserable and hungry. They may be irritating, but they have to eat. I wish they could eat without all the talking."

At midday the animals had a meeting. They knew that they had only until midnight to come up with a plan.

"If the storks open their beaks now, they'll talk even more," said the tortoise.

"We have to think of a way to keep those beaks shut," mumbled the hippo.

"But they have to eat," said the ostrich ... and then he had a brilliant idea.

Just before midnight the animals gathered around the storks. "Do you want to end the spell that keeps your beaks from opening?" they asked. The storks nodded eagerly.

"Well, we can arrange that," said the ostrich, "but first, you have to make a promise, and a promise is something that can NEVER be broken." Even the storks knew that. One by one they nodded and agreed to promise whatever the ostrich asked.

The midnight owl hooted. The storks were ready to open their beaks and chatter in excitement when the ostrich stood straight. "Now," he said, "remember your promise." The storks nodded again. "You will each promise NEVER EVER to speak another word."

The storks' beaks dropped open in shock, but they had just made a promise. And, of course, they had to do what they had promised.

From that day on storks have been silent. You will still see them clacking their beaks together pretending to make a noise, but a promise is a promise and they have not broken their promise yet.

You will also still see the ostrich running at full speed, flapping his wings trying to fly. But, to this day he has never been able to. And because of their promise not to speak, the storks cannot tell him that ostriches do not fly.

**Missed Part 1 of the story?**  
Read it at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)  
or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).



Illustration by Richard Mackintosh  
Umdwebo wenziwe nguRichard Mackintosh

## Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokugcina yendaba emayelana nesethembiso esenziwa onogolantethe. Thokozela ukuyifunda kuzwakale noma ukuphinda uyixoxe.

### Isethembiso asiguquki (Ingxenye yesi-2) NguWendy Hartmann

Intshe yayijabule kakhulu, ngakho yazama futhi. Yagijima yehla yenyuka. Yabhula amaphiko ayo yase izijwayeza ukundiza iyodwana nangokuthula, kodwa ayizange isuke phansi. Ekugcineni yabuyela emuva konogolantethe. Babehleli laphaya, beqoqene ndawonye, izimpaphe zabo zimahliphiliphi nemilomo yabo ivaleke ngci.

"Awu bantu," kusho intshe, "babukeka bedangele kakhulu futhi belambile. Yebo bona bayacasula, kodwa kumele badle nabo. Ngifisa sengathi bangadla, kodwa bayeke ukuxoxa kangaka."

Emini izilwane zaba nomhlangano. Zazazi ukuthi kwakumele ziqhamuke nelinye iqhinga kungakabi phakathi kwamabili.

"Uma onogolantethe bengavula imilomo yabo manje, bazokhuluma kakhulu ngokwedlulele," kusho ufudu.

"Kumele sicabange indlela yokugcina imilomo yabo ingathi vu," kukhononda imvubu.

"Kodwa kumele badle," kusho intshe ... yase iba necebo elihle kakhulu.

Ngaphambi nje kwaphakathi kwamabili izilwane zangunga onogolantethe. "Ngabe niyafuna ukuqeda ukusebenza komlingo owenza ukuthi imilomo yenu ingavuleki?" kubuza zona. Onogolantethe banqekuzisa amakhanda ngomdlandla.

"Empeleni, singakulungisa lokho," kusho intshe, "kodwa ngaphambi kwalokho kumele nenze isethembiso, phela isethembiso siyinto engenakwepulwa NANINI." Nonogolantethe babekwazi lokho. Banqekuzisa amakhanda ngamunye ngamunye, bavuma ukugcina isethembiso noma ngabe yayicelani kubo intshe.

Sakhala isikhova phakathi kwamabili. Onogolantethe base belindele ukuvula imilomo yabo bese bexoxa ngesasasa ngesikhathi intshe ima, iqonda ithi thwi. "Manje-ke," kusho yona, "nikhumbule isethembiso senu." Onogolantethe banqekuzisa amakhanda futhi. "Kumele neithembise ngamunye ngamunye ukuthi ANGEKE NIPHINDE NANINI niithi vu futhi."

Imilomo yonogolantethe yavuleka ngenxa yokwethuka, kodwa babesanda kwenza isethembiso nje. Kanti, vele kwakumele benze lokho ababekuthembisile.

Onogolantethe bathula kusukela ngalolo suku. Namanje usababona beshayisa imilomo yabo benza sengathi babanga umsindo, kodwa isethembiso asiguquki, nabo-ke abakasephuli lesi sethembiso.

Namanje usayibona nentshe igijima ngesivini esiphezulu, ibhula amaphiko ayo izama ukundiza, kodwa, ayikakwazi kuze kube namhlanje. Kanti ngenxa yokuthi bethembisa ukungakhulumi, onogolantethe abakwazi ukuyitshela intshe ukuthi izintshe azindizi.

**Ngabe uphuthelwe Ingxenye yoku-1 yendaba? Yifunde ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).**

## Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



## UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lakwaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.


Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

### Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

### Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asonge abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.





UMama uSmuts wendlala amasosishi amakhulu, aphinki epuletni lakhe elihle ukuwedlula wonke wase ewafaka ekhabetheni. Wayazi kahle ukuthi uzokwenzani ngawo. Kwakuzoba i-*Chakalaka* yakhe emandi ukudlula wonke ayeke wawenza, okwakuzothi ekugcineni agobe amasoseshi bese ewafaka phakathi. Ngaleyo ndlela ayezokwandisa ukudla.



Mama Smuts laid out the plump, pink sausages on her prettiest plate and put them in the cupboard. She knew exactly what she would make with them. It was to be her best-ever Chakalaka and then, at the last minute, she would cut up the sausages and stir them in. That way, they would seem to go further.

There was such excitement when Papa Smuts told Mama Smuts, Sammie and Frikkie about his lucky day. It was as if he had brought home treasure and, in a way, he had.



Kwaba nokujabula okukhulu lapho uBaba uSmuts efika ekhaya exoxela uMama uSmuts, uSammie noFrikkie ngosuku lwakhe lwenhlahlaha. Kwakungathi wayeze nomcebiso ekhaya kanti, ngenye indlela, vele kwakunjalo.

Fold

# The feast




## Idili

Jude Daly  
Jiggs Snaddon-Wood



This story was specially created for Nal'ibali – a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information on reading to your children, reading club ideas, downloadable resources and stories in a range of South African languages, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

Indaba beyenzelwe ngokukhethekile uNal'ibali – umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane mayelana nokufundela izingane zakho, amacebo ethimba lokufunda, izinsiza ezithwebulekayo kanye nezindaba ngezilimi ezahlukene zaseNingizimu Afrika, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).



Fold





“Kungaba njani-ke,” kubuza uMaria, “uma ungya ekhaya nento eyehlukile, into enjengamasosishi? Uthi lokhu ngeke kube isidlo esiphambili ngeмпela?”

UBaba uSmuts wacabanga isikhashana, kodwa kwaba yisikhashana ngeмпela ngoba amasosishi ayebukeka emandi! Ngakho uMaria noBaba uSmuts bashintshana, UBaba uSmuts wase ephuthuma ekhaya.

Papa Smuts hurried on home. good! So Maria and Papa Smuts did a swap and for a moment because the sausages did look



moment, but only thought for a Papa Smuts be a real treat? Now wouldn't that these sausages? something like different home, took something Maria, “you “What if,” asked



Papa Smuts was a fisherman. But, fish were not as plentiful as they used to be and some days he came home empty-handed. Then poor Papa Smuts would feel really downhearted.

UBaba uSmuts wayengumdobu. Kodwa, izinhlanzi zazingeziningi ngendlela ezaziba ziningi ngayo, futhi ngezinye izinsuku wayebuya engabambanga lutho. UBaba uSmuts wabantu wayezizwa ekhathazeke kakhulu.

UMama uSmuts wagoba, wasika imidweshu, wenza amaqashana, wafaka nezimongo, esizwa uSannie noFrikkie.



Mama Smuts chopped and sliced, diced and spiced, with the help of Sannie and Frikkie.

But then she thought, “Sausages for breakfast. What a treat!”



Kodwa wabe esezicabangela, “Ngamasosishi esidlo sasekuseni. Sizozitika ngawo!”



Ngesikhathi uMama uSmuts ede efaka okunye kuba kunecane okunye kuba kuningana, uSannie noFrikkie babesiza uBaba uSmuts ukuba adeke itafula, kukhiwe nezimbali zasandle ezizoba setafuleni.



Then, while Mama Smuts added a little bit of this and quite a lot of that, Sannie and Frikkie helped Papa Smuts set the table and pick a bunch of wild flowers to go on it.



Mama Smuts went quietly over to the kitchen cupboard. She covered up the plump, pink sausages and wondered how she could possibly have forgotten them.

UMama uSmuts waya ekhabetheni lasekhishini ngokuthula. Wamboza amasosishi acebile, aphinki, kanti wayezibuza ukuthi konje uwakhohlwe kanjani.

Ngesikhathi uBaba uSmuts edlula isitodlwana sasepulazini sikaMama, uMama wamezeza wathi, "Thiza malini inhlanzi?" "Uxolo, Mama," kusho uBaba uSmuts, "phela le eyesidlo sethu sakusihlwa."



As Papa Smuts passed Maria's farm stall, she called out, "How much for the fish?" "Sorry, Maria," said Papa Smuts, "but this one is for our dinner."

ekhaya ukuze ibe yisidlo sakusihlwa. wase egcina eyodwa aya nayo ezinhlanu. Wathengisa ezine yokubamba izinhlanzi



Ngolunye usuku, uBaba uSmuts waba nenhlanha uSmuts waba nenhlanha caught five fish. He sold four and kept one to take home for dinner.



That's when Mama Smuts would give him a big hug and say, "We'll make ends meet." And Sannie and Frikkie would add, "We always do, Papa." And somehow they always did because ...

Kwakuba ngalezi zikhathi lapho uMama uSmuts wayemuwola khona bese ethi, "Sizobona ukuthi sihlanganisa ini nani." Bese oSannie noFrikkie bengeza ngokuthi, "Sihlale sikwenza lokho, Baba." Kanti babehlale bekwenzeka ngempela ngoba ...



Kanti-ke kwakungekho muntu, kwakungekho muntu nhlobo, awayengaphendula otamatisi ababomvu, ophepha abaluhlaza okotshani, izaqathi eziklamuzelayo kanye neklabishi eliklamuzela ngokwedlulele, akwenze kube yisidlo esizwa uSannie noFrikkie!




And no one, absolutely no one, could turn the reddest tomatoes, the greenest peppers, the crunchiest carrots and the crispiest cabbage into a more scrumptious meal than Mama Smuts, with the help of Sannie and Frikkie!



... no one could grow redder tomatoes, greener peppers, crunchier carrots and crispier cabbage than Papa Smuts, with the help of Sannie and Frikkie.

... wayengekho umuntu owayetshala otamatisi ababomvu, ophepha abaluhlaza okotshani, nezaqathi eziklamuzela kanye neklabishi eliklamuzelayo, ukudlula uBaba uSmuts esizwa uSannie noFrikkie.

Wawuzwa nje, "Awu, cha ... awu!" kusho uBaba uSmuts. "Bengingacabangi ukuthi kungenzeka lokhu, kodwa le *Chakalaka* idlula wonke owake wawenza Lawo masosishi enze umehluko omkhulu!"



And, "My, oh my! . . . oh my!" said Papa Smuts. "I did not think it was possible, but this *Chakalaka* is better than your best. Those sausages made all the difference!"

"Mmm, mmm!" kusho uSannie. "Mmm, mmm!" kusho uFrikkie.



And then, at last, it was dinner time. And what a dinner! "Mmm!" said Sannie. "Mmm, mmm!" said Frikkie. Ekugcineni, safika isikhathi esidlo sakusihlwa. Sase simandi yini pho isidlo sakusihlwal



Mama Smuts said nothing. But, if Papa Smuts, Sannie and Frikkie had not been so busy tucking into seconds, they might have heard her let out a little gasp.

UMama uSmuts akazange athi vu. Kodwa ukuba uBaba uSmuts, uSannie kanye noFrikkie babengematasatasa bezitika ngokuphinda ukudla, ngabe bamuzwa edonsa umoya.





## My holiday reading passport Iphasipoti yami yamaholide

Name/Igama:

FOLD 2



### How to use this passport

1. Try each of the reading challenges.
2. Colour in the stamp once you have completed a challenge.
3. Write down the books you read and rate them on the holiday reading log on pages 6 and 7. These could be books you read as part of the challenges or other books you read during the holidays.

### Isetshenziswa kanjani le phasipoti

1. Zama inselele ngayinye ezinseleleni zokufunda.
2. Hlobisa isitembu ngombala uma usuyiqedile inselele.
3. Bhala phansi izincwadi ozifundile bese uzinika amaphuzu ohlwini lwezincwadi ezifundwe ngamaholide ekhasini le-6 nele-7. Lezi kungaba izincwadi ozifunde njengengxenywe yenselele noma ezinye izincwadi ozifunde ngesikhathi samaholide.



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

FOLD 1

### Challenge 7

Josh wants to be a pilot when he grows up and so he spends a lot of time reading about aeroplanes. Find an information book on a topic that interests you and enjoy learning more about this topic as you read!



### Inselele ye-7

UJosh ufuna ukuba umshoyeli wezindiza uma esekhulile, ngakho uchitha isikhathi esiningi efunda ngezindiza. Thola incwadi enika ulwazi ngesikhlo esikhulaba umxhwele bese ufhokozela ukufunda kabanzi ngalesi sikhlo ngesikhathi ufunda!



### Challenge 8

Josh often reads to Neo and Bella. Choose a book you enjoy and find someone to read it to. (If the book is a novel, you might want to choose one or two chapters to read!)



### Inselele ye-8

UJosh uvame ukufundela uNeo nobella. Kheha incwadi oyithokozelayo bese ufhoka ununtu ozomfundela yona. (Uma incwadi kuyinovel, kungenzeka ukhehe isahluko esisodwa noma ezimbili ozofunda!)



### Challenge 5

Hope likes stories about everyday life – especially stories about groups of friends and stories that take place at school! Can you find a story that has friends in it and had something to do with going to school? Enjoy reading it!



### Inselele ye-5

UHope ufunda izindaba ngenjalo yansuku zonke – ikakhulukazi izindaba ezimeyelanisa namaqembu abangani kanye nezindaba ezenzeka esikoleni! Ngabe ungoyifhola indaba okunabangani kuyo kanye nokuhle okuphathelene nokuya esikoleni? Thokozela ukuyifunda!



### Challenge 6

Bella often imagines that she is a character from one of the stories she has read. Once she imagined that she was flying on a magic carpet with Noodle! What is your favourite story? Read this story and then draw a picture of yourself as the main character in it.



### Inselele ye-6

UBella uvame ukuzibona engomunye wobalingiswa abokwenye yezindaba azifundile. Woke wazicabanga esenzisa ngokhaphhehi womlingo noNoodle! Iphi indaba oyifihandayo? Funda le ndaba bese udweba isithombe sakho njengomlingiswa onkulu kuyo.



4

# A holiday reading passport!



During the school holidays, our families' daily routines are often different. Although there is more time to spend on leisure activities, sometimes we can find ourselves spending less time reading regularly with our children. Children learn to read by reading – and they get better at it the more they do it. So, in fact, the holidays are a great time for children to catch up on their reading. Make sure your kids stay on track during these long end-of-year holidays with the Nal'ibali holiday reading passport.

## Get going

Follow these steps to help your child create their own reading passport.

1. Cut out the top half of this page.
2. Fold along the purple line.
3. Now fold along the green line.
4. Cut along the red line and trim the edges. Now the passport is ready to use!
5. Let your child try the eight reading challenges on pages 2 to 5 of the passport. There is a stamp next to each one which they can colour in once they have completed the challenge.
6. Let your child write down the names of the books they read during the holidays and rate them on the holiday reading log on pages 6 and 7 of the passport.

Don't forget that we will be taking a break until the week of 25 January 2015. Enjoy the holidays, and join us again in 2015 for more Nal'ibali reading magic! In the meantime, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) to find stories and reading-for-enjoyment inspiration.



Sicela ningakhohlwa ukuthi sizothatha ikhefu kuze kube isonto lomhla zingama-25 kuMasingana wezi-2015. Thokozelani amaholide, bese niphinda nihlanyela kanye nathi ngowezi-2015 ukuze nithole omunye umlingo wokufunda wakwa-Nal'ibali! Okwamanje, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) uthole izindaba kanye namacebo okufundela ukuzithokozisa.



**Challenge 2**  
Belia likes stories about animals. Do you have a favourite story about animals? Read it again, or find a new story about animals to read.



**Inselele yesi-2**

Ubelia uthanda izindaba ezinoyelana nezimane. Ngabe unayo indaba oyithandayo ephathelene nezimane? Yifunde futhi, noma ufohle indaba entsha ngezimane ozoyifunda.



**Challenge 1**  
Neo loves playing soccer, so he enjoys soccer stories. Read a story about someone who has the same hobby as you or who enjoys playing the same sport as you.

**Inselele yoku-1**

UNeo uthanda ukudlala ibhola lezinyawo, ngakho uyazihokozela izindaba zebhola. Funda indaba ngomuntu othanda ukwenza into efanayo nezenziwa nguwe noma othanda umdlalo ofanayo nowakho.

**The challenges/ Izinselele**



**Challenge 3**

Afrika loves anything to do with inventions and he enjoys making things! Find a book which tells you how to make things – food or objects. Choose something to make and follow the instructions to make it!

**Inselele yesi-3**


U-Afrika uthanda noma yini ephathelene nokusungula izinto ezintsha futhi uyakuthokozela ukwakha izinto! Thola incwadi ekutshela ukuthi uzenza kanjani izinto – ukudla noma okunye nje. Khettha into ozoyenza bese ulandela imiyalelo yokuyenza!

**Challenge 4**

Neo's favourite place to read is on his bed. Spend some time reading in your favourite place and then find a new, fun place to read!

**Inselele yesi-4**

Indawo uNeo athanda ukufunda kuyo kusembhedni wakhe. Yiba nesikhathi ufunda endaweni othanda ukufunda kuyo bese ufohle indawo entsha, eihokozisayo yokufundela!



**Rate this book!**  
Nika le ncwadi amaphuzi!

3 = Loved it  
Ngiyithande kakhulu

2 = Liked it  
Ngiyithandile

1 = Just okay  
Ibikhele nje

**Uhlu lwami lwezincwadi engizifunde ngamaholide**

**My holiday reading log**

Author: Umbhali

Book title: Isihloko sencwadi

1.	
2.	
3.	
4.	
5.	
6.	
7.	
8.	

**Know your Nal'ibali characters**


Books are not the only places where we can find stories and other interesting things to read. Develop you children's reading by sharing books with them, as well as stories from the Internet and on your cellphone! Find out about the Nal'ibali character, Josh and his reading habits, then enter the competition to win a gift card from Jet!

Josh is 12 years old and lives with his father and his aunt not far from where Neo and Mbali live. He speaks Afrikaans, English and a little Sesotho. Josh loves anything to do with computers and cellphones – especially reading teen stories on his cellphone!

**Yazi abalingiswa bakho bakwa Nal'ibali**

Izincwadi azizona kuphela izindawo lapho ungathola khona izindaba kanye nezinye izinto ezihlaba umxhwele ongazifunda. Thuthukisa ukufunda kwezingane zakho ngokwabelana ngezincwadi nazo, kanye nezindaba ezivela ku-Intanethi kanye nakumakhalekhukhwini wakho! Thola kabanzi ngomlingiswa wakwaNal'ibali, uJosh kanye nemikhuba yakhe yokufunda, bese ungenela umncintiswano wokuwina ikhadi lesipho lakwa-Jet!

UJosh uneminyaka eyi-12 futhi uhla noyise no-anti wakhe endaweni engekude nalapho kuhlala khona uNeo noMbali. Ukhuluma isiBhunu, isiNgisi kanye nesiSotho, kancane nje. UJosh uthanda noma yini emayelana namakhompyutha nomakhalekhukhwini – ikakhulukazi ukufunda izindaba zezingane ezineminyaka ephakathi kweyi-13 neyi-19 kumakhalekhukhwini wakhe!



**Win! Wina!**

To stand a chance of winning one of four Jet Gift Cards worth R100 each, send us the word "Josh" plus the name of one story on the Nal'ibali mobisite. Email your answer to [letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org), or SMS it to 32545 (standard data rates apply). Competition closes on 11 December 2014.

Ukuze uziwinele elinye lamakhadi ezipho akwa-Jet abiza i-R100 lilinye, sihumelele igama eliithi "Josh" kanye negama eliilodwa lendaba eku-mobisite yakwaNal'ibali. Thumela impendulo yakho nge-imeyli ku-[letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org) noma uyithumele nge-SMS ku-32545 (kusebenza imali enqunyiwe yokukhokhela i-data ejwayelekile). Umncintiswano uvala mhla ziyi-11 kuZibandlela wezi-2014.

**Terms and conditions:** To enter, you must be 16 years or older. Employees of PRAESA are not eligible to enter. **Imigomo nemibandela:** Ukuze ungenele umncintiswano, kumele ube neminyaka eyi-16 noma ngaphezulu. Abasebenzi bakwaPRAESA abavumelekile ukungenela.

**Clue:**  
Go to [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) and visit the "Stories" section to find the answer.

**Ake sikunike icebo:**  
Iya ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) bese uvakashela isigaba esithi "Stories" ukuze uthole impendulo.



**Jet Club**



Drive your imagination

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

Sunday World